

UMUNTU UBALEKA ESUKA

EBUSWENI BENKOSI



Asikhothamiseni amakhanda ethu. Nkulunkulu Othandekayo, siyathokoza limini ngalelithuba esilalo lokuzibuthanisa ndawonye kanye njalo. Futhi Wena kuphela Nkosi, uyazi ukuthi inhliziyo zethu zilangazelele kanjani lelihola ukuthi lapho singenelisa ukuma phambi kwabantu Bakho njalo lapha, futhi ngilethe luMbiko lowo esiwuzwa uqakathekile ukuthi ngowesiphange-phange kangako kulelihola. Usabele lezi insuku ezinlutshwana khathesi, futhi siyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, ukuthi isandla Sakho sesihawu sizakuba phezu kwethu, ukusihola lokusiqondisa. Futhi sinike lezozinto esilezidingo ngazo, Nkosi, ngoba inhliziyo zethu ziyalangazelela uKubakwazi ngcono.

² Siyabona inkundla enkulu yesivuno, imhlophe, ivuthiwe, futhi siyazi uhlamvu solulungiselelwe khathesi isikhathi esikhulu sokubhula. Nkulunkulu othandekayo, siyakhuleka ukuthi Uzavula ususe amakhoba asizungezileyo, yeka silale eBusweni beNdodana, khathesi, lezi insuku ezinlutshwana, futhi sivuthwele uMbuso kaNkulunkulu.

³ Busisa yonke ingoma ezahlatshelwa. Busisa wonke umkhuleko, futhi uphendule wonke ozathi ukhulekwe, Nkosi. Sindisa bonke abalahlekileyo. Buyisela endlini kaNkulunkulu ophilayo, lasebudlelwaneni, labo abazulazulileyo.

⁴ Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzakusilisa wonke umuntu ogulayo oza ngaphansi kophahla lwethu. Sipe khona, Nkosi. Makungabi lomuntu obuthakathaka phakathi kwethu ekupheleni kwaleyi imihlangano.

⁵ Futhi, Nkulunkulu othandekayo, khona-ke ngokwethu, thina esizitsho kulelihola ukuba libandla, abaBiziweyo, labo umhlaba jikelele abaphume phakathi kweBhabhiloni lokuba ngabahlanganyeli balobu ubudlelwano obumangalisayo kulolusuku lokucina, siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzakubusisa inhliziyo zethu ngendlela enjalo. Silambile okweqiniso, Nkosi, futhi sakhupha ezintweni zonke zomhlaba, esazi ngazo. Nkosi, sibeke eceleni wonke umthwalo osindayo othandele kalula kithi, futhi manje masigijime lumjaho ngokubekezela, obekwe phambi kwethu. Sipe khona Baba. Futhi masigcwale ngamandla, siqine ngamandla, amaKhristu angcono, emva kwalinkonzo, ukwedlula ebesiyikho lapho singena. UNkulunkulu makathole yonke inkazimulo, ngoba sikucela eBizweni likaJesu. Amen.

⁶ Ngicabanga leli lithuba elihle kakhulu, lobubusuku, ebengilindele okwesikhathi esithile. Ngolunye usuku ngangitshela umkami, Ngathi, “Nginyanqineka kangako, ngilindele ukufika ethabhanekeli.” Mina nje...Ngilabanye abangane, yebo sibili, ngilabo, umhlaba jikelele, kodwa kulenye into ngokunye ngalelithabhanekeli lapha.

Ngathathwa kuloluthuli ngalapha, lapho uNkulunkulu enginika ukuphila lapha emhlabeni; futhi ngiyathemba, nxa Ephuzza, ngizangcwatshwa lapha kweyinye indawo. Lapho Esiza, Uzangifumana lapha kweyinye indawo.

⁷ Kodwa, kukhangeleka ingathi, kulenye into, lapho ngiqala ukucabanga ngeJeffersonville. Ngolunye usuku ngaqala ukuba lesizungu kangako; ngathi kumkami, ngathi, “ngilesizungu sokuya ekhaya, futhi angikwazi engilesizungu ngakho ukuya ekhaya, ngaphandle kuyilabo bantu bengikhulekela.” Ngathi, “Awu, ngiza...Into kuphela engiyaziyo ukuyenza yikubuyela ngibe lomhlangano wensuku ezinlutshwana, sibone nxa singeke safumana ulutho eNkosini, mhlawumbe Ufuna sibekwazi enye into.”

Futhi esikhulu, isifundo esiqakathekileyo esilaso phambi kwethu khathesi ngu*Mtshado LoKwahlukana*. Futhi nxa kulombuzo, kumele kube lempendulo. Akungeke kube lombuzo ngaphandle kube lempendulo. Kungelandaba lokuthi yini, kumele kube lempendulo. Nxa iNkosi ithanda, ngifuna ukuzama ukukhuluma phezu kwalokho, ngeSonto ekuseni.

⁸ Futhi khona-ke kusasa ebusuku, ngicabanga kumele sibe phezulu lapha e...Lesosikolo sibizwa ngokuthini? [UMfowethu Neville uthi, “Parkview.”—Mhl.] Parkview Auditorium. Yini, mnumzana? [“Parkview Junior High.”] Parkview Junior High. Bangaki abaziyo ukuthi kungaphi? Awu, ngiyethemba bazakuba leziboniso phandle, abasoze yini, Mfowethu Neville? [“Yebo.”] Ku...Kungaphezulu nje lapha phose—phose izilinganiso ezintathu kwezine zemayila, futhi kuzakuba lesiboniso. Uyajika emuva, uphume emgwaqweni. Yisakhiwo esihle esiphakemeyo. Silendawo lapho ongeyamisa ingalo yakho, futhi uthathe amanothi alokho ofuna ukukubhala, futhi—futhi—futhi izinto. Futhi ngileqiniso lizakukholisa kancane ukwedlula elingakwenza, kungathi siminyanisiwe emihlanganweni lapha phakathi—phakathi kwethabhanekeli. Kuzabe kulendawo enengi, indawo enengi yokuphaka.

⁹ Manje, ngicabanga balomthetho omncinyane esathembisa ukuwugcina, wawuyilo, singafiki egumeni kuze kube ngu 6:30. [UMfowethu Neville uthi, “Kungabi kuze kutshaye u 5:30; lingabi khona lapho u 5:30 engakatshayi.”—Mhl.] Futhi ngasikhathi bani...[“Iminyango ivulwa ngo 6:30.”] Ngiyakholwa kungaba ngumqondo omuhle ukuba sifike lapho ngo 6:30.

Manje, bathole eyinye iholu lapha edolobheni ehlala i 6,000. Nxa singenza kahle sibili kuleyi, bangasivumela ukuba sibe leyinye ngesinye isikhathi okomhlangano omkhulu, mhlawumbe kwesinye isikhathi lelihlobo lapho ngiphenduka ngivela phetsheya kolwandle.

¹⁰ Futhi-ke ngicabanga singahlalisa abangafika...Bangaki esingabahlalisa phezulu lapho? [UMfowethu Neville uthi, "Singahlalisa phose 4,000."—Mhl.] 4,000. Ngakho, uyabona, sizakuba lendawo enengi. Kuyabe kungelakujaha. Ngakho lize ngo 6:30. Futhi khona-ke umuntu wonke uzakuza ngesikhathi esifaneleyo, umuntu wonke ndawonye, futhi ngileqiniso lizakuba—lizakuba lesihlalo esihle. Futhi iphakeme *kanje*, futhi—futhi indawo lapha lapho ongabhala futhi uthathe amanothi, lokunjalo. Futhi lokho kuzaqala, nxa iNkosi ithanda...

¹¹ Ngiyacabanga manje, lobubusuku, lowu kungumhlangano womkhuleko wangolweSithathu ebusuku, sithole...Indawo isiphose yagcwala nje, ngakho ngiyacabanga mhlawumbe kungabangcono siqalise kusasa ebusuku. Siyiqhatshile nje ngethemba lokuthi mhlawumbe, nxa sasingenela ukuba labagwala bachitheke lapha, sasingaya phezulu lapho. Kodwa ngiyakholwa kuyi...kungabangcono ukwenyuka, alicabangi njalo, Mfowethu Neville, ukwenyuka kusasa ebusuku? Futhi bangaki abacanga ukuthi kungaba ngumqondo omuhle? Futhi khona-ke lingaba le—lendawo enhle eyenelayo. Isi—sivele yaqhatshwa; ibhadalelwe ngabanye abazalwane lapha ebandleni. Kusibizele amadola angu 50 ngobusuku bunye, lokho sibili ku, sibili...Ngifisa ngangilalokho ndawo zonke, okungahlala abanengi njalo okwamadola angu 50 ngobusuku bunye, Isakhiwo esitsha esingakasebenzeli, isiteji esihle. Futhi, kodwa thina siya...

¹² Ngoba, sizathatha iminikelo, ngithemba njalo. Futhi asifuni lawomadoda ukubhadalela lokho sibisabo; sizabhadalela... sizababhadala. Kodwa nxa sithola izindleko zethu lezinto, awu, khona-ke, yebo sibili, siyama ukuthatha iminikelo. Kasi...

¹³ Nxa kukhona abemzini kanye lathi, sikwenze kwaba ngumkhuba, ukuba singaphanzi, ukucela, ukufuqa abantu ngemali. Sidlulisa umganu wenkongozelo, okuyiwo nje... Yisenzo senkolo. Ngakuzama, izikhathi ezinengi, ukungadlulisi ngitsho umganu wenkongozelo, lakancane, kodwa akusebenzi. Bona? Ngoba, ukupha kuyingxenye yenkolo yethu. Kuyingxenye yomsebenzi wethu. Loba nje kuyindibilitshi, kumbe loba yini okuyikho, kumbe ipeni, konke kuyi...

¹⁴ Ngakho khumbula, uJesu wabona umfelokazi esedlula, ngolunye usuku, lapho amadoda anothileyo ayefaka okunengi kwenotho yabo emnikelweni. Futhi lumfelokazi wedlula ngalapho, mhlawumbe abantwana abathile abancinyane,

abalambileyo behamba ngaseceleni kwakhe, futhi wanika izinto zonke ayelazo, amapeni amathathu. Futhi uJesu wathi, “Ngubani owanikela okunengi kulabo bonke na?”

¹⁵ Manje, nxa ngabe bengimile lapho, ngangingathi, “Ungakwenzi lokho, dadewethu. Thina—thina, khangela, silemali enengi.” Kodwa Akazange a'mise. Bona? Wa—Wayekwazi Wayelenye into enkulu kuye phansi emgwaqweni. Ngakho, bona, phezu kwakho konke, wayelekhaya eNkazimulweni ayesiya kilo. Futhi akazange a'mise. Wamyekela wafaka amapeni akhe amathathu phakathi, ngoba kwakuyikuba nje wayefuna ukukwenza. Futhi wayemele afune ukukwenza; elabantwana, futhi engumfelokazi, futhi amapeni amathathu kuphela okuphila ngawo. Yena, wayemele afune ukwenza lokho. Ngakho, uyabona, lapho abantu befuna ukupha, kumele ubaphe ithuba lokwenza njalo.

¹⁶ Kodwa ngicabanga ngalaba abamileyo, futhi abantu besithi, “Ngubani ozakupha amadola angu 50 na? Ngubani ozakupha amadola angu 20 na?” Ngicabanga lokho akuhambelani le—lenhlakanipho yakho. Ngi—ngicabanga ukuthi abantu bayananzelela ukuthi kuthatha imali uku—ukuqhuba u—umhlangano. Futhi angisoze ngibavumele ngitsho ukuba bakwenze, abaphathi. Ngathi, “Loba nini lapho okumele likwenze lokho, khona-ke sokuyisikhathi sami sokubuyela ethabhanekeli. Ngakho, asidingi ukuba sikwenze lokho.” Kodwa ngi—ngiyacabanga ukuthi kumele sidlulise umganu wenkongozelo, u—ukuze sikwenze inkonzo epheleleyo.

¹⁷ Futhi-ke mhlawumbe bazakwedlulisa umganu wokunikela omncinyane ubusuku ngabunye, sithi enye into enjengaleyi, “Awu, sizathatha umnikelo khathesi.” Futhi bazakwedlulisa umganu wenkongozelo, futhi lokho kuza—lokho kuzakuba yikuphela kwakho.

¹⁸ Futhi ubusuku ngabunye, nxa iNkosi ithanda, Ngicabanga iNkosi ibeke phezu kwenhliziyo yami uMbiko oqotho sibili weBandla. Bengizinsuku ezithile emkhulekweni. Futhi angisoze ngingene kulokho, ngoba isimanga esikhulu senzakele ngolunye usuku esasisikhulu sibili. Futhi ngiyaphitsheka ukulitshela ngakho. Futhi manje, isifundo esikhulu, ngiyathemba, inengi labo bonke, uBilly wathi, ababefona, zazi *ngoMtshado LoKwahlukana*. Okuyikuthi, yisifundo esikhulu—esikhulu, futhi a—angizange ngibe kwazi ukuthi ngisisondelele kanjani. Futhi ngaya ukuyakhuleka ngakho, futhi iNkosi yahlangana lami. Futhi ngiyakwazi ukuthi mina, nge. . . Angilakho, kodwa uNkulunkulu unikile kimi; ngilakho manje. UNkulunkulu ungiphe impendulo eqondileyo, bona, bona, futhi ngi—ngiyazi ukuthi kuliqiniso.

¹⁹ Futhi-ke angazi khona kanye nje lakhathesi, mhlawumbe, ngeSonto ngingacela odadewethu ukuthi beqe umhlangano,

ngokwabo, kodwa ka—kangikwazi. Kuzakuya ngokuthi nxa abafazi abendileyo befuna ukubuya labomkabo. Ku—kukhona ezinye izinto eziqakathekileyo sibili ezifanele zikhulunywe, iqiniso mayelana, njalo kanjani. . . Futhi-ke sifuna ukukubeka impela, ngo ITSHO KANJE INKOSI, khona-ke usukutholile lesosikhathi. Uyakwazi nje lokho okuliQiniso khona-ke. Futhi ngiyaMethemba ukuthi Akwenze lokho.

²⁰ Futhi, manje, ngangiphezulu lapha okuthengiswa khona ukudla ngolunye usuku, ngisidla, futhi—futhi uJerry labobonke belidinga lonke. Bathi, wathi, “Awu, thina . . .” Abanye, omunye wabafana wayephezulu, wathi, lumfo wathi, “Ngizaphuma kahle liviki,” wathi, “bale . . . Kumbe, lawa amaviki amabili andelayo.” Wathi, “Balo u—umhlangano lapha we-basket ball, kumbe olunye ulutho lokunye.” Wathi, khona-ke wathi, “UBranham uphansi lapho, uzakuba lomhlangano.” Wathi, “Ngizawondla abantu abanengi kakhulu.” ERanch House, enye yalezondawo phezulu lapho. Futhi babe . . . babebahle sibili.

²¹ Futhi ngiyalithakazelela lonke, ngoba ngeqiniso baziqhenya futhi bakhuluma izinto ezinhle ngani.

²² Umphathi phezulu lapho eRanch House wahlangana lami ngokunye ukusa. Ngafika phose ngo 2:30, ngivela eArizona. Futhi wathi, “Awu, Mfowethu Branham,” wathi, “Ngizwa ukuthi uzakuba lomunye umhlangano.” Wathi, “Ngilosizo olwengeziweyo,” wathi. Futhi wathi, “Khona-ke ngifuna ukukhuluma into eyodwa, ukuthi labobantu abavela phansi lapho,” wathi, “bangabantu abahle sibili.” Manje, lokho kwangenza ngezwa kahle sibili ngani, bona.

Ngoba, phezu kwakho konke, ngizwa ukuthi lizimbuzana zami, futhi ngi—ngi, kumbe abantwana, bengisitsho. Futhi khona-ke ngi . . . Mbuzana kukhomba embuzini, futhi lina alisombuzi. Lingamawundlu ami. Kunjani lokho? Lingamawundlu eNkosi Angivumele ukuthi ngiwondle. Futhi ngiyathemba ukuthi kuza—kuza . . . ukuthi Uzangivumela ngenze lokho. Siyaqhubeka sisehla phansi emgwaqweni.

²³ Futhi mayelana ngalu*Mtshado LoKwahlukana*, bengifuna ukukhuluma ngakho kusukela ngesikhathi salezoMpawu eziyisiKhombisa. Liyazi, imfi- . . . Zonke imfihlakalo zazifanele ukwazakala phakathi kwazo, ukuvula lezoMpawu eziyiSikhombisa, zonke imfihlakalo zeBhayibhili. Futhi ngiyacabanga manje, ngisiba mdala, ngi—ngicabanga ngi . . . Bengicabanga kungcono ngikufake ethephini, loba enye into ingenzakala kimi, khona-ke iBandla lingamangala, “Asazi lokho ayelakho engqondweni yakhe. Kuyini ayengakutsho?” Futhi zonke lezozifundo ezikhangeleka zilukhuni sibili; Ngicabanga, i . . . ngosizo lweNkosi, ngizazama ukuziletha kini. Futhi-ke—khona-ke nxa enye into isenzakala, futhi nxa ngingenzakala

ukuthi ngihambe Engakabuyi, li—lizakuba lakho kurekhodi khona-ke.

²⁴ Ngicabanga silamabhuku amatsha aphumileyo. Ngibona uDade Vayle; Kangazi loba udokotela ulapha kumbe hatshi. Ulapha, Dade Vayle? Mhlawumbe ukhona emhlanganweni. Kangimboni. Kodwa, o, yebo, khonale emuva. Futhi uMfowethu Vayle ubhale ibhuku, futhi li...Bengicabanga, ngiyakholwa batshilo lamuhla, amabili. Mfowethu Vayle, kuqondile yini lokho, ulamabili lapha khathesi? Amabhuku amabili. Manje, angikwazi, ngi...Indlela engizwisisa ngayo, ukuthi umuntu ngamunye athole ikhophi. Ngakho ngi...Nxa u...Yiyo indlela engizwisisa ngayo. Ngingabe ngiphambukile kulokho.

²⁵ Futhi-ke *Izikhathi zeBandla eziyiSikhombisa* seziphelile (Kunjalo na, Mfowethu Vayle?) futhi asedindwa khathesi. Futhi ngiyazi lizafuna ukuwathola, ngoba aphenyula imibuzo eminengi ebisenhlizyweni zenu. Futhi-ke ngemva kwalokho, awu, sizazama ukuthatha *iMpawu eziyiSikhombisa* zivuliwe, liyazi, ebhukwini, ukuze ngamunye angabala ngesimo ababafuna ngaso, bangazwisisa futhi bakutaditshe. Ngicabanga lapho kubhaliwe, nxa ku... .

²⁶ Kuqala, salikhupha ethephini, indlela elalibhalwe kumbe likhulunywe ngalo. Uyazi, ungatshumayela intshumayelo, yinto eyodwa, futhi-ke ubhale ibhuku ngeyinye. Bona, njengokungenzeka ngingathinta isifundo, njengoba ngingathi kini, lingazwisisa, ngingatsho, “Manje, inzalo yenyoka,” bona.

Awu, manje, umbali walelobhuku, nxa wasusa lokho, angamangala, “Kuyini inzalo yenyoka?” Bona? Futhi bangeke babekwazi. Nxa kwenzakala ukungena endaweni enjalo njengasePrinceton kumbe kweyinye indawo, futhi babe—babengacabanga ukuthi asisobantu abakhaliphileyo.

Ngakho ngathatha uMfowethu Vayle ukungathi angisize ngalokhu futhi agcine umzila womcabango ofanayo, futhi alolonge ulimi. Futhi ngileqiniso ukuhlela kwamabala ami kuza...Kungaba kungazwisiseki kibo, sibili ngokwaneleyo. Ngakho i...UMfowethu Vayle ulungile sibili kulokho, ngakho unjenge... .

²⁷ Futhi-ke, kulokho, ngicabanga umfowethu oligugu angabe wathatha ukuphefumulelwa okuncinyane okwengeziweyo, ngenye indlela, futhi wathi wayezakubhala amabhuku amabili awakhe uqobo, kuthathela kulawo, kunjalo. Futhi-ke wabhala elilodwa elithiwa, ngiyakholwa, *The Twentieth-Century Prophet*, lelinye, *iBandla leLawodikeya*, ngiyakholwa, kumbe enye into enjengaleyo.

²⁸ Futhi uBilly ungitshale lokho, lobubusuku, ukuthi ngiyakholwa inkulungwane ezinengi zawo zifikile lamuhla; omunye umuntu uwalethe evela eTexas. Futhi-ke, azakuba lapha. Futhi bazakumemezela, ngiyacabanga, loba yini

abayikho. Ngicabanga ukuthi bayasekelwa. Kangilaqiniso. Futhi nxa benjalo, azakuphiwa kini, uyabona, futhi, kungelambadalo. Futhi siyathemba lizakukholisa. Njalo nxa likwenza, xhawulani isandla sikaMfowethu Vayle emuva le futhi limtshele ukuthi likuthakazelela okunganani. Kangikaze ngilibale, ngokwami. Nxa ngingawabala, ngingantshintsha ingqondo yami ngalokho, ngakho ngizazama ukuwabala liviki lapho ngilethuba, nxa ngingenelisa.

²⁹ Khathesi kungolweSithathu ebusuku, umhlangano wethu uyaqala ngokusehlelweni kusasa ebusuku. Kodwa ngicabanga, ngokuba lapha phakathi kwenu, A—a—angenelisanga nje ukuhlala phezulu lapho endlini futhi—futhi ngisazi ukuthi lonke laliphansi lapha. Ngi. . .Njengokuthi nje, liyazi, njengezinye izihlobo zenu zingena phakathi, liyazi, futhi uyagijima wehle ekucineni kwesitalada ukuhlangana labo, liyazi. Futhi—futhi nga—ngacabanga ngizagijima nje futhi—futhi ngilamukele eJeffersonville. Futhi-ke liviki edluleyo mayelana. . .

Hatshi, uxolo, sokube phose amaviki amathathu edluleyo, ngibuya ngekhaya. Ngangiphandle ngizama uku. . .Bengisemhlanganweni ngidlula eArizona lapho, futhi ngaphenduka ukuzama ukuphumula. Futhi ngasengisiya ohambweni lokuyazingela, futhi nga—ngathola isilwane esidumileyo sase-Arizona. Ngasigijimisa sangena phakathi kwegusu okwamayila angu 20 ukuze ngisithole.

³⁰ Kodwa-ke ukucabanga, loba kanjalo, ukuthi angikaze ngicabange lapho ngisasengumfana omncinyane. . . Ukutshengisa nje ukuthi izinto lezi zenzakala kanjani, indawo encinyane iNkosi esinikileyo phezulu lapho, okwenyanga lezo siphandle lapho, lesikolo sabantwana.

Ngangingumfana omncinyane. Ngiyacabanga uJimmy Poole ulapha lobubusuku, mhlawumbe uyise ulapha, uJim omkhulu. Sahamba esikolo sonke, futhi ngiyakhumbula ngihlezi lapho, njengomntwana omncinyane omadabudabu, lezicathulo, izicathulo zamathenisi ngizigqokile, amazwane ephutsha phandle; ngeboleke isiqamu sephepha komunye, lempenseli komunye.

³¹ Ngangivame ukubhala imbongi. Futhi uNkz. Wood, lapha, wangenza ukuba ngiyilandise limini ethephini, ngeFord yami endala, liyazi, futhi ku—kungokuhle. Manje, wathi, “Awu, kufanele uthumele lokho kuMnu. Ford.”

Ngathi, “Kuleqiniso elikhulu, kakhulu ngiyakholwa,” ngokungaba yikukhehleza phambili, lokugaya emuva, lempica yesiChina egiyeni yesidirayivo. Kodwa ngi. . .Kuyi—kuyi. . . Kodwa ngihlala ngisithi, into kuphela engangimele ngiyenze yikubala amathaya, futhi ngiyikhuhluze okwaneleyo ukuyenza iqalise futhi-ke ngingene phakathi kwayo. Ngathi, “Bekukuhle lapho ngiqalisa ukuqansa uqaqa ngayo, ngihambe nje ngidonsa

kancane, isithi, ‘Ngicabanga ngingakwenza, ngicabanga ngingakwenza, ngicabanga ngingakwenza.’ Khona-ke ngiqale, elinye icele, lisithi, ‘Bengicabanga bengingakwenza, bengicabanga bengingakwenza.’”

Yiyo indlela esidonsa ngayo loluqaqa, njenge*Pilgrim’s Progress*. Ngakho thina . . .

³² Ngangilenkondlo encinyane engayibhalayo, enye into enjengaleyi. Futhi yathi . . . Manje, cabanga nje, ngangiphosa ukuba leminyaka engu 12. Futhi ngimile phezulu lapho, ngolunye usuku, ngikhangele phezu kwalolodonga, futhi ngicabanga, “Leso silwane sizabe sihlezi khona lapha kulelikamelo lensitha, sikhangele phandle efasiteleni,” efasiteleni lengilazi. Bengicabanga inkondlo encane. Ngabuyela futhi ngayithatha, enye into enjengaleyi. Cabanga nje ukuthi uNkulunkulu kanjani . . .

³³ Liyakholwa ukuthi uNkulunkulu uphakathi kokuphefumulela konke? UNkulunkulu angabhala ingoma. Liyakholwa ukuthi uNkulunkulu usengomeni? UJesu watsho njalo. Wakhombela emuva kuDavida, “Alikwazi ukuthi uDavida wathini kuMahubo? Liyazi, akwenzanga yini . . .”

³⁴ Khangela ukubethelwa ngokwakho. UDavida wakuhlabela kuHubo lesi 22, “Nkulunkulu Wami, Nkulunkulu Wami, UNgitshiyeleni na? Wonke amathambo Ami, ayaNgikhangelala. Bahlaba izandla Zami lenyawo Zami.” Liyazi, futhi leyo kwakuyingoma. AmaHubo yi—yingoma.

³⁵ Futhi kulimbongi, khangela nje ukuthi kwagcwaliseka njani. Ngihlezi lapho, umntwana nje omdadlana olephepha elebolekiweyo, ngathi:

Ngilesizungu, o, isizungu kangako ngaleyokude iningizimu-ntshonalanga,
Lapho amathunzi ewela okujule kakhulu phezu kweziqongo zentaba.
Ngiyabona ikhanka linyenya indawo yonke elomfasimba oyiphephuli,
Ngizwa ikhanka lihlaba umkhosi phansi lapho omondwezinde ezidla khona.
Futhi kweyinye indawo phezulu odongeni ngiyezwa isilwane sibubula,
kulezoNtaba zeCatalina ezikude, emzileni weArizona.

³⁶ Iminyaka engu 40 isiyedlule, ngihlezi khona lapho odongeni, leso silwane singikhangele ebusweni.

O Nkulunkulu, kuleLizwe phetsheya komfula kwenye indawo, bangane. Kuyi nje . . . Kumele libe khona lapho. Bona? Kuloku—kulokukhuluma okunengi ngakho. Zonke lezi izinto azisizo nsumsumane nje; zikhona . . . Ziqotho. Ziqotho. Ngiyathokoza kakhulu ukuba lapha lobubusuku, ukuba kanye

lalaba abantu engikhangelele ukuhlala Khona-le nininini labo, lapho okungasoze kube khona ukugula, kumbe ukufa, kumbe ukwehlukana. Futhi uhambo alusoze lube yilutho kithi lesosikhathi.

³⁷ Manje, ngiyacabanga akulamhlangano ogcweleyo ongelakubalwa iLizwi lokuba lokuncinyane. . .

Mfowethu Neville, ngize nje phezulu lapha. UBilly uthe ubufuna ngikhulume. Bekunjalo lokho na, Mfowethu Neville? [UMfowethu Neville uthi, “Ameni. Yebo. Sibili.”—Mhl.] Mina, mhlawumbe ngikuthethe kalula, kodwa ngi—ngizwe nje ngithokoza kakhulu ngakho.

Ngakho, manje, lina elilezingoma lezinto, libone uMfowethu Neville lapho lizakuhlabela, futhi-ke libe lakho nje, phezulu lapho. Futhi libe nje lengxenye yehola lingakaqalisi, futhi masingene khona phakathi kwaleyi iMibiko ejulileyo sibili futhi sibone esingakubona iNkosi ikwenza. Futhi ngiyethemba nje. . .

³⁸ Ngi—ngiyakholwa sileQiniso. Ngisuthisekile ngalokho. Ngiyakholwa ingqoloyi iyiyo, impela, ikhoba liyawohlaka. Uyazi. Futhi, bona, ngingapha isingeniso esincinyane kulokho, kusasa ebusuku, bona, ukuthi ikhoba lisuka njani engqoloyini. Kodwa ingqoloyi kumele ilale eBusweni beNdodana, ukuba ivuthwe. Futhi yikho lokho esingakho lapha, mngane, hlala eBusweni beNdodana kuze kuthi iqembu lethu elincinyane labantu lapha, lize livuthwe kangaka kuKhristu, libe yisinkwa etafuleni Yakhe. Yikho engifuna ukuthi likwenze.

³⁹ Futhi manje singakasondeli eLizwini, emuva kokulandisa izinkondlo, lokunjalo, asikhulekeni njalo. Khona-ke sizakuthatha isifundo.

⁴⁰ Jesu Othandekayo, sisize lobubusuku manje, kulawa amazwi amalutshwana, lapho silindele Kuwe. Futhi siyakhuleka ukuthi umusa Wakho lesihawu kuzakuba lathi, Nkosi. Futhi thambisa inhliziyi zethu; susa wonke amakhoba, ameva, izihlabamakhondlwane, makuthi ukubalela kwelanga elibusisiweyo likaNkulunkulu kuwele eLizwini, Nkosi. Futhi masibe lomhlangano omkhulu kangaka kuze kungabi lomuntu ongasindiswanga phakathi kwethu, bonke abantwana bazakuba seMbusweni kaNkulunkulu. Labo abangelabhaphathizo lukaMoya, mabaLwamukele, Baba. Makuthi zonke imfihlakalo ezinkulu okufanele sibezi kulesisikhathi, Nkosi, zembulwe kithi; futhi sizabona ubusobala bukaNkulunkulu, ukuze sibekwazi ukuthi siziphathe njani ngokwethu lokwenza, siziqondisa futhi siletha amalunga omzimba wethu ekuphatheni okuqinileyo eLizwini, ukuze sibekwazi ukuthi siphile njani kulolusuku lwalamuhla ekubuyeni kweNkosi uJesu.

⁴¹ Lapho ngifunda iLizwi Lakho lobubusuku, Nkosi, ngingenelisa, ngemfundo emfitshane, ngenelise ukubala amanye amazwi, futhi mhlawumbe ngingaze ngakhuluma amanye

ngokufaneleyo. Kodwa, Nkosi Nkulunkulu, Wena kuphela ungadonsa indikimba phandle lapho. Nguwe Wedwa kuphela ongakwenza. Akula—akulandlela emuntwini ongakwenza; kuhlezi ezandleni Zakho, Nkosi. Ngakho sinike, ubusuku ngabunye, zona izinto ezifihliweyo eLizwini Lakho, ukuze sibe ngamaKhristu angcono futhi siphile ngesikhathi esiphila kuso, njengemizekeliso yesiKhristu. Siyakucela eBizweni leNkosi uJesu. Amen.

⁴² Manje, inengi lenu, emaBhayibhilini enu, ngifuna ukuthi livule eBhukwini likaJona. Kuyi... Sihlala sikhuluma kakhulu ngoJona engohlehlele emuva lakho konke. Ngihlala ngimvikela uJona. Angikholwa ukuthi uJona wayehlehlele emuva. A—angikukholwa lokho. Ngiyakholwa nje yiku... Siyakusebenzisa nje kwesinye isikhathi, sithi, “UnguJona.” Kodwa nxa si... Sengivele ngakhuluma ngakho, ngeyinye indlela, ngokuthi ngakucabanga kanjani, uJona, kwenzakalani.

Manje ilizwi leNkosi lafika kuJona indodana ka Amithayi lisithi,

Vuka, futhi uye eNinive, lelodolobho elikhulu, futhi umemeze kakhulu umelene lalo; ngoba ububi babo bubuyile phambi kwami.

Kodwa uJona wasukuma ukuze abalekele eThashishi esuka ebusweni beNkosi, wehlela eJopha; futhi wathola umkhumbi usiya eThashishi: wathola umkhumbi oya eThashishi: ngakho wabadala imali yawo, wehla kuwo wangena phakathi kwawo, ukuhamba labo eThashishi ukusuka ebusweni beNkosi.

⁴³ Akusikho yini lokho isiphetho esidanisayo? *UMuntu Ubaleka Esuka Ebusweni BeNkosi*, futhi leso yisifundo sami.

⁴⁴ Manje, okokuqala sifuna ukucabanga ngalokhu. UJona waye... Isizatho, isiqokoqekela sesizatho, engikholwa ukuthi wenza linto enkulu lapha, kwakuyikuba uJona wayengumJuda. Futhi wacelwa ukuya edolobheni labeZizwe, ukuyalikhalmela; ecabanga ukuthi akasoze amukelwe. Ngoba, abeZizwe babengacabanga, “Kuyini lumJuda alakho ngathi?” Kodwa, uyabona, enye into, kuyasinika into enkulu lapha ukubona, ukuthi uNkulunkulu akasuye uNkulunkulu kuphela wamaJuda, kodwa UnguNkulunkulu njalo wabeZizwe. UnguNkulunkulu wabantu bonke.

⁴⁵ Wakhetha amaJuda nje. AmaJuda ayebizwa ngokuthi abantu bakaNkulunkulu abakhethiweyo. Babekhethiwe okwembangela ebalulekileyo. Futhi imbangela leyo kwakuyikuba, ukubapha umthetho, futhi babengenelisi ukuwugcina. Futhi Watshengisa nje, ngabantu labo, ukuthi umthetho wawungeke ugcinwe, lokuthi Waye ngu—ngu—nguNkulunkulu wokulunga. Futhi umthetho wawufuna ukulunga, kodwa kwakungela musa emthethweni, ukukhupha

umuntu phandle. Akula sijeziso esahlawulwa ngumthetho, kodwa kwathatha umusa ukubhadala lesosijeziso, kumbe lapho umthetho owasibeka khona ngaphansi.

⁴⁶ Futhi uJona lapha wabizwa, njengalokhu, omunye wabaprofethi abancinyane beBhayibhili, ukwehlela kulelidolobho.

Futhi lapha siyathola umzekeliso wethu sonke. Sonke ngamunye wethu, sihlezi sibaleka kwenye into, siyabalekela uhlupho, siyabalekela umlandu, thina—thina sonke sikwejwayele ukukwenza lokho. Si—sinjalo—sikwejwayele kakhulu ukubaleka kulokuma sikhangelane lakho. Bona, thina nje, si—si—siyazithola sibaleka.

Kwezinye izikhathi siyazifumana sejwayele ukubalekela umsebenzi. Kasifuni ukukwenza, kasifuni ukusebenza. Abanye abantu bacabanga nje bangaphila bengasebenzi. Kodwa, ngiyacabanga, uSolomoni kwakunguye owathi singathola lapha impendulo, ekukhangeleni ubunyonyo.

⁴⁷ Uyazi, ubunyonyo obuncinyane, bayangitshela nxa lobo (bonke) bunyonyo bungasebenzi futhi bubuthelele, lobobunyonyo abudli lobobusika, njalo. Ngakho, umuntu wonke kumele a—asebenze.

⁴⁸ Silezinto ezinengi kangako okumele sizenze, umlandu omnengi kangako okumele sikhangelane lawo. Wonke umuntu kufanele akhangelane lomlandu othile.

⁴⁹ Lapho u—lapho usiza uku—ukukhetha umkakho, ukuthatha, kumbe ukhethe indoda yakho, u—ufanele uthathe umlandu. Futhi-ke kufanele ukhumbule. . . Mhlawumbe uyakha ikhaya; likhaya elihle sibili. Futhi-ke, khumbula, njengomfazi otshadileyo, kumele ucabange ngomlandu wokukhulisa abantwana. Futhi kumele ucabange ngaleyomiduli, emihle etshelelayo izakuba lezincinyane, izidindo zeminwe engcolileyo ndawozonke phezu kwayo. Khona-ke ulomlandu wokufundisa abantwana bakho. Ulomlandu wokugqokisa lokondla.

⁵⁰ Yonke into ngumlandu. Futhi kulula kangako, lapho imilandu ikhangelana lathi, ukuyibalekela. Futhi siyafumana ukuthi umtshado ngumlandu, ngandlela zonke.

⁵¹ Loba, izikhathi ezinengi, siyathola. . . Lokhu kunzima ukukutsho, kodwa kuliqiniso, ukuthi abatshumayeli, izikhathi ezinengi, bayabalekela umlandu wokumela iLizwi leqiniso likaNkulunkulu lapho bekhangelana Lalo. Bayabalekela lowomlandu. Lapho iQiniso leLizwi likaNkulunkulu lilethwa ubuso lobuso lathi abantu, sile. . . sijwayele ukubaleka kuze kube sekucineni.

⁵² Ngisanda nje kuqeda ukukhuluma lomzukuluma wami omncinyane phezulu lapho. UngumKatolika, futhi wa. . . Futhi ngabhaphathiza lowomfana, eBizweni likaJesu Khristu,

lapha iminyaka emilutshwana edluleyo, futhi watholana leyinye inkazana encinyane futhi waphenduka waba ngumKatolika. Futhi ngabamba isandla sikanina lapho esifa lapho. Wathi kimi, amazwi okucina, “Nakekela uMelvin.” Futhi ubephupha amaphupho nje. Angeke nje... Zonke, insuku zonke, iviki yokucina, ubephupha amaphupho. Wathi, “Ngiyangena ebandleni lakho, Malume Bill, futhi ubumile lapho utshumayela. Ngangigijima, ngiqale ukwenza isivumo. Ngangivuka.” Wathi, “Be—bengiphambanisekile.”

Ngathi, “Melvin, kawudingi ingcazelo yalokho. Indawo yakho iphansi lapho lapho okumele ube khona.” Kunjalo. Bona?

⁵³ Kodwa ukukhangelana lemilandu, kwezinye izikhathi kuyasihlubula isikhumba ngempela, ukukwenza. Njengobaba, ukukhangelana lomlandu, ukutshaya umntanakho. Labo abafu abancinyane, awufuni ukukwenza lokho. Kodwa njengobaba kumbe umama, kumele ukhangelane lomlandu wokukhulisa lowo mntwana, ngoba iBhayibhili lathi, “Yeka uswazi futhi uzawona indodana yakho.” Futhi lokho kulokhu kusima kuhle emehlweni abantu bonke bezengqondo abakhona emhlabeni. Lokhu kusasekhona kuliQiniso likaNkulunkulu. Nxa bekulokunengi kwalokho kusenziwa, sasingasoze sibe lobuhlongandlebe obunengi kangako lezinto, lokubola esilakho emhlabeni lamuhla. Kodwa umlayo omdala wegolide wekhaya waphuliwe, isikhathi eside esedluleyo, futhi bavumela abantwana benze loba yini abakufunayo.

⁵⁴ Kodwa ngitsho njengoba ngitshilo, abatshumayeli, bayakhangelana ubuso lobuso leQiniso, futhi basuke Kilo. Bona, bale—bale nje... Kukhangeleka njengokuthi kulenye into leyo aba—abangafuni ukukhangelana layo.

⁵⁵ Izikhathi ezinengi ngibe labantu abezayo, bathi, “Ngiyazi kunjalo, Mfowethu Branham, kodwa nxa ngingenza lokho, bangangikhahlelela phandle kwebandla.” Kulani lakho? Nxa ungakwenzi, bazakuhahlelela phandle, phezulu Ngale. Ngakho kufanele ukhahlelwe phandle, kwenye indawo, bona. Ngakho kumele ukhangelane lakho, kulokukubalekela futhi uthi, “Awu, ngizakuya ngaphezulu *lapha*. Angiyi kubuyela.” Buyela, sibili, lalala kokunengi Kwakho.

Hlolani iMibhalo. UJesu wathi, “Hlolani iMibhalo, ngoba Kuyo licabanga ukuthi lileMpilo elaPhakade, futhi Yona Yiyo efakaza Ngami.” Kodwa siyafumana ukuthi abantu abasoze bakhangelane lalokho.

⁵⁶ Silethwa eBusweni bukaNkulunkulu, futhi sibone lapho uNkulunkulu enza khona isithembiso, futhi uNkulunkulu ubotshelwe kulesosithembiso. Futhi lapho Esenza leso sithembiso sigwaliseke, khona-ke abantu bayesaba ukukhangelana lomlandu waluMbiko wehola. Siyakufumana lokho ndawozonke.

⁵⁷ Kanjani ngani maLutheran? Mangaki amaLutheran ayesesaba ukwenza, abantu ababesaba ukukhangelana leQiniso likaLuther lapho esiza ngokulungiswa? Khangela lokho okwakuthathelayo, mhlawumbe impilo yakho uqobo, ukuphuma phandle futhi uvume uJesu Khristu futhi—futhi ube ngu—ngumLutheran.

⁵⁸ Khangelani lina maMethodisti, ukuthi lalivame ukuba njani, lonke lalibizwa ngokuthi ngabagiqiki abangcwele. Ngithemba lalikhwazi lokho. Futhi babengena ngaphansi koMoya, futhi badlukeze emuva laphambili. Futhi bathi ba—babe “lamadlukeza.” AmaMeth-...Lokho, hatshi, lawo akusiwo maPhentekhosti; lawo kwakungamaMethodisti, iminyaka emineni edluleyo. Futhi badlukeza, futhi banyikinyeka, futhi bawela ngaphansi kwamandla kaNkulunkulu. Futhi bathela amanzi ebusweni babo, futhi babaphephetha ngamafeni, becabanga ukuthi baqalekile. Futhi, manje, lalibalwa njengexuku labagiqiki abangcwele. Kodwa lalile, onyoko lomaqhiso, kwakumele baKwamukele, bakhangelane leQiniso lamaqhiso, kumbe bakulandule.

⁵⁹ Lina-ke maPhentekhosti elamukela ukubuyiselwa kwezizifo, lapho ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele luphuma, ngokukhuluma ngendimi, futhi izizifo zikaMoya ziphenduka ebandleni? Ngani, amaMethodisti ayefuna ukulikhahlelela phandle, futhi bakwenza. Kodwa lalimele likhangelane lakho. Yinto elalifanele liyenze.

Kuthiwani ngodaba, lapho luphuma, mayelana ngobhaphathizo eBizweni likaJesu Khristu, futhi lakubona ukuthi kwakuliQiniso? Kumele ukhangelane lakho, kumbe wenze enye into ngakho.

Ulolomlandu, wonke umuntu ulawo, futhi kumele likhangelane lezinto lezi. Kulungile.

⁶⁰ Futhi lapho libona-ke, kulolusuku manje, lapho iLizwi likaNkulunkulu lenze lezi izithembiso zezinto esizibonayo zisenzakala manje, khona-ke silomlandu wokukhangelana Lakho kumbe usuke Kikho. Kumele u...Awungeke nje uhlale phakathi laphakathi. Kumele wenze enye into Ngakho. Wathi... Enye ingqubo kufanele yenziwe.

Awungeke ungene kulowomnyango webandla futhi uphume phandle ungumuntu ofanayo lalapho ungena. Ungaba ukude lakho, kumbe uduze loNkulunkulu, sonke isikhathi ungena phakathi kumbe uphuma phandle lapho.

⁶¹ O, kulula kangakanani ebantwini ukubalekela lezizinto! Futhi ngifuna ukuthi sicabange ngalezi lapho siqala enkonzweni ezisohlelweni kusasa ebusuku, ukuthi, ngifuna ukuthi linanzelele lapho enye into ikhangelwana layo, nxa u... nxa kulombuzo ngakho. Nxa kulombuzo ngakho, kumele kube lempendulo.

⁶² Sithi, njengokuthi, ngathi bengisiya entshonalanga, futhi wena wangikhomba ngalindlela. Awu, into yokuqala uyazi, ngingahamba ngedlule inhloso yami, futhi ngikakhulu... nginyakatho-ntshonalanga. Awu, aluba omunye umuntu uyangikhomba phansi ngalindlela, futhi ngihambe ngaleyana indlela? Ngizakwedlula inhloso yami njalo; ngiye eningizimuntshonalanga. Awu, ingqe kuphela kulombuzo, yiphi indlela eya entshonalanga, kumele kube lempendulo eqondileyo kwenye indawo.

Futhi lapho limbuzo ikhangelana lathi, ngamaQiniso eBhayibhili, kumele kube lempendulo eqondileyo kwenye indawo. Kunjalo. Kumele kube lapho.

⁶³ Futhi lapho sibona Enye into inikeziwe, ngiyacabanga, kulokubaleka nje, uthi, “Ah, umbhedo! Ngingeke ngikholwe into enjengaLeyo. Ngangingeke ngikukholwe Lokho,” kungani ungathathi iBhayibhili, futhi uhlale phansi futhi ukhangelane Lalo? LiTaditshe. Ulapha emhlanganweni manje, Likhangele nje. ULihlole, sibisakho, ngeLizwi. Hlola iLizwi, ngeLizwi. Yiyo indlela kuphela yokukwenza Kukhulume iQiniso. Futhi Kumele likhulume iQiniso, kusuka kuGenesisi kusiya kuSambulo.

⁶⁴ UKhristu yisambulo seBhayibhili lonke. Kuye, uKhristu, konke ukugcwala. Ukugcwaliseka kweziprofetho zonke zeBhayibhili kuyagcwaliseka kungelasimiso kuKhristu Jesu, ngoba WayenguNkulunkulu ebonakalisiwe enyameni.

⁶⁵ Manje lapho sithola lezi izinto, loba kunjalo, lapho sikhangelana futhi size emhlanganweni, futhi sibone aMandla kaNkulunkulu ehamba lokwenza izinto, futhi esenza imisebenzi kamoya, futhi sikubone kusenziwa, futhi sikhangele eBhayibhilini futhi sibone ukuthi kuthenjisiwe okwalelihora; khona-ke lapho sibona lezozinto, khona-ke sikhangelana lomlandu wokuwamukela, bengisitsho, ngokwethu.

⁶⁶ Manje, abantu abanengi bayazwela, abantu abanengi bathi kuqondile. Kodwa lokho aku—lokho akukwenzi lokho... Leyo akusiyonto olomlandu ngayo. Njengoba ngitshilo, aluba kule... .

⁶⁷ Nxa ngangilijaha, futhi ngidinga umfazi, ukuba ngitshade; futhi lapha kwema inkazana eyayigcwalisa ukukhangelela konke engicabanga ukuthi kuthatha khona ukwenza umfazi. Ngani, ngokuziphatha wayeyindlovukazi, futhi ethandeka, lo—lobuntu obuhle, umKhristu oqotho, yonke into engingacabanga ngayo, ukwenza umkami olungileyo. Kungelandaba lokuthi ngithi uphelele okunganani, uqondile sibili, akasuye wami ngize ngimamukele lomlandu wakhe wokuba ngumkami.

⁶⁸ Yiyo into efanayo uMbiko oyikho. Ungathi, “Kulungile, kumbe *lokhu*, *lokho*, kumbe *okunye*.” Futhi uthi, “Ngiyazwelana Lakho, Ngiyakholwa ukuthi KuliQiniso.” Kodwa kumele ukwaMukele; futhi Kufanele kube yingxenyeyakho, lawe uyingxenyeyakho. Ule... Khona-ke, Ngokwakho.

69 Lapho utshada lumfazi othile omkhethileyo, li—limunye-ke.

Futhi yiyo indlela oyiyo loKhristu. Lapho uMbona ebonakalisiwe futhi wenziwa waqiniseka, khona-ke uyingxenyeye Yakhe, futhi Uyingxenyeye yakho. Futhi, ndawonye, liyingxenyeye yoMbiko.

70 O, silemikhumbi emingaki yenhlanganiso yamasonto eyehlayo isiya, eThashishi, eyaboJona balezi insuku, amakhulu angu 900 babo, enye into, imikhumbi ethatha indlela elula. Bengafuni ukukhangelana lakho.

UJona wayengafuni ukukhangelana lakho, into yokuhamba kwabeZizwe. Wayengafuni ukuthatha lowoMbiko olesihluku khona-le, “Phakathi kwensuku ezingu 40, lizabhubha nxa lingaphenduki.” Wazonda ukwenza lokho. Futhi wacabanga, “Labo beZizwe, kunzima ukubona lokho abazakwenza kimi.” Kodwa wayemele akhangelane lakho. Bona? Kodwa wathatha umkhumbi olula futhi wehla waya eThashishi, wehla phansi emsamu womkhumbi futhi wayalala; wathatha indlela elula.

71 Yindlela elula, yindlela edumileyo labantu. Kulula ukuthatha indlela lapho wonke umuntu engakumbambatha emhlane futhi athi ungumfo olungileyo, “Futhi lowu ngu*Sibani-bani* futhi *Othile*,” lomhlaba uzakukhangelana. Kulula ukuhamba ngendlela edumileyo.

Kodwa lapho—lapho ufanele wenze enye into eyahlukileyo, lapho umele ume ngokuqiniseka kwakho ngalokho okwaziyo ukuba liQiniso Lapho yikho okulengxenyeye enzima, yikho lapho ukukhuhla okuza khona, khona lapho.

72 O, njengoba sihlala sihlabela leyo ngoma endala:

Kulula kanjani lapho udabula ulwandle
lobumncwaba balo,
Ukuthemba emandleni engalo kaJehova
enkulu.

Kodwa, o, makuthi amagagasi aqalise ukudutshuza, yeka—yeka umoya uvunguze futhi utshaye amagagasi, khona-ke kuyini okwenzayo?

73 Enye into enjengaleyi engayitshelwayo, ngesinye isikhathi, ukuthi ikhosikazi lathi. Emuva ngezinsuku zebhiza lenqola, kwatshiwo ukuthi ibhiza labaleka laye, evela ebandleni. Wathi, “Kuyini owawungakwenza?”

74 Lathi, “Ngathemba iNkosi kwaze kwaqamuka amatomu.” Awu, yiso isikhathi sokuthemba iNkosi, ngemva kokuba yonke...emva kokuba amatomu eseqamukile. Uthembele ematomini aze aqamuke. Yebo.

75 Futhi-ke siyafumana ukuthi silendlela ezinengi ezilula zokuhamba, imikhumbi isehla isiya eThashishi, ngoba kulula, ukungabi lemilando. Kuyageleza phakathi nje, ulento yonke isiza; umuntu wonke uyakuthanda. Futhi, wonke umuntu,

uyi...Akulamuntu ophikisana lawe; awuphikisani lomuntu. Manje, nxa lokho kungayisiso isichibi sokugeza imiganu! Kunjalo. Yebo, fuqela ngale, wela ngale! Ngani, loba ngubani, angilandaba ukuthi ungubani, lalokho okumelayo... Ngempela, abantu abacanga okulungileyo bazacabanga kakhulu ngawe nxa umela ukuqiniseka kwakho ngalokho okuqondileyo. Kunjalo. Ungabi lendaba... .

⁷⁶ Ungathatha umfazi, angabe engamuhle kangako, futhi loba yini ayikho; kodwa uyeke lowomfazi amele izimiso zesifazana, yeka ame njengekhosikazi; futhi nxa indoda ilobumbijana, bokuba yindoda ngaye, uzaku'mela. Ngempela. Siyathakazelela into leyo—leyo omunye umuntu alayo, ukuthi bayakholwa ukuthi kuliqiniso futhi bazamela lokho abacabanga ukuthi kuqondile.

⁷⁷ Balitepetepe kanjani, yikho amaKhristu amanengi kangako lamuhla, bathanjisiwe kakhulu lakho konke, baze bacabange konke abakwenzayo yikujoyina ibandla, bangene kwenye indawo, babeke ibizo labo ebhukwini, kumbe benze enye into encinyane, ukweqa phezulu-la-phansi, ukumemeza, kumbe—kumbe enye into enjenga lokho, futhi ukubize isiKhristu.

IsiKhristu ngesansukuzonke, impilo emangelengele, uphilela uNkulunkulu e...kulobubuso bomhlaba. Yikuvutha okuqhubekayo koMlilo lothando lukaNkulunkulu, enhliziyweni, okukulumathisayo kukubeke phandle-le labantu, futhi uphendukisa abantu kuKhristu. Imilandu.

⁷⁸ Kodwa kulula ukuhamba ngendlela umhlaba ohamba ngayo. Kulula ukugeleza usehla phansi esifuleni.

Hamba phandle lapho futhi uhlale phansi emfuleni, kanye lesikepe sakho. Uyathatha izigwedlo zakho uqale ukuphambana lokugeleza kwamanzi; awufiki ndawo kangako, futhi kubanzima. Kodwa yeka kanye nje izigwedlo futhi bona ukuba wedlula izihlahla ngokuphangisa okunganani, usehla phansi, kodwa khangela lapho oyakhona!

Lapho izinto zindenda kalula, khumbula, uhamba uqonde impopoma e—enkulu lapho, ethile. Uhamba uqonde impopoma, futhi akuyikuthatha isikhathi eside uzakube ukhilikithela kuleyompopoma. Undenda nje lomhlaba, kalula, indlela ohamba ngayo, awufuni lokho. Hatshi, mnumzana. Kodwa kumele umla-...yamukela umlandu wakho.

⁷⁹ Manje, liyaKukholwa, futhi lilo-...Licabanga ukuthi KuliQiniso.

⁸⁰ Futhi umlandu uNkulunkulu asinike wona kulolusuku, ukuletha luMbiko! Futhi lapho ngisibamdala, futhi ngiyazi insuku zami ziyafinqeka, ngizwa umlandu omkhulu ukwedlula engake ngawuzwa. Ngiqhubeka ngisiyaphambili, kumele sikwenze! Kumele sijule kukho, konke lapho esiyakhona, futhi sikhulume uMbiko; futhi—futhi sitshele abantu ukuthi uJesu

Khristu uyeza, ukuthi UnguNkulunkulu futhi Uyeza masinyane. Akula i—akula ithemba eliseleyo emhlabeni kodwa ukuBuya kweNkosi.

⁸¹ Ngikhangele ngemuva lapho kwabanye abangane ababelami phezulu lapho lapho iNgilosi yeNkosi. . . .Laba abafana abahlezi lapha, ngiyakholwa bafumana indawo lapho okwenzakala khona phezulu-le. Futhi khumbula nje lokho iNkosi eyakutshoyo ngalolosuku, kuMfowethu Wood. Wayehamba phezulu oqaqeni. Futhi—futhi wayengani uyakhala, ngenxa yomkakhe egula. Futhi iNkosi yathi, “Dobha lelodwala futhi uliphosele phezulu emoyeni, futhi uthi, ‘ITSHO KANJE INKOSI.’” Futhi ngakwenza lokho. Futhi uMfowethu Wood uhlezi njengofakazi.

⁸² Futhi ngathi, “Mfowethu Wood, akuyi kuba kude uze ubone enye into isenzakala.” Futhi usuku olulandelayo, lapho simile lapho, sonke ndawonye. . . .Futhi ixuku lendoda limile khona lapha lobubusuku.

⁸³ Umtshumayeli osaselijaha wayelapho, futhi waye. . . ngananzelela. . . .Ngahlangana laye nje ubusuku bakuthange. Wayesenkambeni yethu. Weza ukuba lathi. Futhi wathi kimi, wathi, “Mfowethu Branham, uyabona yini imibono, phandle njengalokhu?”

⁸⁴ Ngathi, “Yebo, mnumzana. Kodwa ngiza phandle lapha ukukubalekela, ukungathi ngiyaphumula kancinyane.” Wathi. . . .“Awu,” ngathi, “Ngi—ngi. . . .Ngoba, Uyangitshengisa izinto phandle lapha.” Futhi ngathi, “Phetsheya koqaqa lapha, lapho iNgilosi eziyisikhombisa ezabonakala khona phansi phakathi *lapho*.”

Wathi, “Yebo, ngiyazwisisa.” Wathi, “Ngangingomunye wabasekeli emhlanganweni wakho eCalifornia.”

Ngathi, “Awu, ngiyathokoza sibili ukubakwazi lokho.”

⁸⁵ Futhi ngisamile lapho, khona-ke nje ngathalaza ngabona sengathi ngudokotela ozimukileyo ekhangela emehlweni akhe, futhi ngamuzwa esithi, “Uzalahlekelwa yilelo lihlo, ngoba kulesifo phakathi lapho. Futhi ngilelaphile okweminyaka emibili, futhi uzalahlekelwa yilelo lihlo.”

Ngathi, “Isizatho ungibuzile lokho, ngoba udokotela wakho wakatshela ngolunye usuku uzakulahlekelwa yilelo lihlo.”

Futhi wathi, “Kunjalo,” futhi wakhangele ngalapho njenga *lokho*.

⁸⁶ Futhi ngabona unina ekhumula elinye lamasokisi akhe futhi wakhupha unyawo lwakhe, lamathumba amancane alenga phansi phakathi kwamazwane akhe, phezulu laphansi onyaweni lwakhe, futhi wathi, “Nxa ubona uMfowethu Branham, umtshela ukuthi akhulekele lokhu.”

Ngathi, “Umama wakho umnike..ukhuphe unyawo lwakhe *kanje*, futhi wathi wayele. . .ulamathumba amancinyane indawo yonke amazwane a—akhe, futhi kanjalo, futhi wathi, ‘Yenza uMfowethu Branham akhuleke.’”

Wathi, “Mfowethu Branham, lelo liqiniso.”

⁸⁷ Ngakhangelana emuva. Lapho ngikwenza, ngambona emile lapho engikhangele, njenga *lokho*, amehlo akhe ekhanya bha. Ngahlangana laye kulelikwindla; wayelamehlo angcono ukwedlula loba ngubani enkambeni. INkosi yamsilisa futhi yamenza waphila.

⁸⁸ Lapho ngisamile lapho, iNkosi yathi, wangitshengisa lokho okwakuzakwenzakala. “Ukwahlulela kulungiselela ukutshaya uKhumbi lweNtshonalanga.” Futhi Wathi, “Hamba nganeno lapho, ohlangothini lwaleyondawo yomlilo.”

⁸⁹ Futhi ngaba lefotsholo esandleni sami; ngahamba khonale. Futhi uMfowethu Roy Roberson, sonke siyamazi lapha. Akakho lapha lobubusuku, ngokwazi kwami; useArizona phandle lapho. Ungumgcinisihlalo wabaphathi lapha, futhi ngabamazi ngokuba liqhawe. Futhi enye into yayizakwenzakala; ubuhle sibili, bokusa okuthuleyo, phose ngo 10 nta ekuseni. Abafana yonke indawo lapho, abangu 10 kumbe 12 bethu, besehlisa amathente, futhi behlinza ingulube, lezinto. Ngakho thina. . . Ngahamba hamba, ngathi, “Roy, catsha, ngokuphangisa. Enye into ilungiselela ukwenzakala.” Ngangingeke ngimtshele futhi. Kodwa nje isikhathi ngifika khona lapho. . .

Futhi kusehla kuvela emazulwini kweza isivunguzane sikaNkulunkulu, futhi saduma, sengathi, sanyikinya amaqaka, sigijima phakathi kwaleyontaba, saquma umzila khona wayizungeza, phose amafidi angu 5 ngaphezu kwekhanda lami, futhi saquma zonke izihloko zalezo zihlahla, lapho amadwala ephuma. Sahamba phezulu emoyeni futhi sehla phansi njalo, silolunye ubhaphathizo olukhulu, futhi satshaya phezu kwentaba, futhi saphosela amadwala phandle njenga lokho. Sakwenza kathathu, futhi-ke saya phezulu emoyeni.

Futhi uMfowethu Banks wabuya kimi, wathi, “Yikho lokho okukhulumileyo izolo?”

Ngathi, “Yebo, mnumzana, yikho kanye.” Bona?

⁹⁰ Futhi-ke insuku ezimbili emva kwalokho, iAlaska yatshona, phose, phezulu lapho. Futhi phezulu-la-phansi loloKhumbi lweNtshonalanga bekuyimidumo lokufuqa, lakho konke kusenzakala. Futhi olunye lwalezinsuku izatshelela phansi kolwandle. Kunjalo. Kuyini? Siphila eholeni lokuBuya kweNkosi.

⁹¹ Sibona inkolo-ze lezinto ziphakama, futhi lazo zonke lezi zinto ezehlukkeneyo, siyakwazi kumele kube lempendulo yeqiniso kulokhu.

Kulabantu phandle lapha elizweni manje, bengena ezimbhalwini lezinto, “Futhi kweyesi 16 kaMbimbitho,” lakubala ephapheni, “iNkosi iyeza.” Liyazi lokho akunjalo.

UJesu wathi, “Akulamuntu owaziyo umzuzu kumbe ihola.”

⁹² Lapho sibona zonke lezi izinto, lezinto zisenzakala ngendlela ezingayo, futhi kumele kube lempendulo yeqiniso kwenye indawo. Kumele kube leQiniso. Kuleyodwa, impumalanga; leyodwa, intshonalanga; kodwa kuleyodwa, iningizimu-ntshonalanga, lenyakatho-ntshonalanga, kumbe eyinye into. Kodwa kumele kube lempendulo yeqiniso, kweyinye indawo, ohlutshweni. [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.]

⁹³ Kubalekele lokhu na? Kumele sitshele abantu ukuthi siphila emaholeni okuBuya kweNdodana kaNkulunkulu. Sifuna—sifuna ukukhangela futhi (Nkulunkulu) sibe sengqutsheni, isikhathi sonke, silungele ukupha umuntu impendulo eqondileyo.

⁹⁴ Kuhlezi kungaleyondlela. Kube—kube semuntwini, ubalekile futhi wasuka kuNkulunkulu, kusukela kuAdamu, esivandeni seEdeni. Lapho uAdamu esesivandeni saseEdeni, lapho esiza emlandwini ukwenza ukhetho lwakhe, wayezahlala loNkulunkulu kumbe ahambe lomkakhe? wayemele enze lokho umla-... wayemele enze lokho, u—umlandu wawukuye. Wayefanele athathe lokho umkakhe akutshoyo kumbe lokho uNkulunkulu akutshoyo. Futhi lapho ekhetha ukuhamba indlela yomkakhe, futhi lapho ekwenza lokho, khona-ke walahlekelwa yisimo sakhe sekuqaleni. Futhi waletha wonke umhlaba ngaphansi kokufa, lapho wayemele athathe umlandu, kumbe loba amukele ukukhanya okutsha lokho umkakhe ayekutholile, okwakuphambene.

O Nkulunkulu! Cabanga ngakho. UNkulunkulu wabanika kuphela aMazwi angaba ngu 8 kumbe 10 ukuwagcina. “Kodwa kulesosihlahla awusoze udle.” Yikho kuphela ababemele bakugcine. Futhi loba belokungako kweLizwi, baLephula.

Khona-ke uAdamu kwakufanele akhangelane lakho, “Nginge—ngingenza njengomkami othe ngikwenze, kumbe ngenze lokho uNkulunkulu athe ngikwenze?” Futhi waphuma elamehlo akhe evulekile. Wenza okokuthatha umlandu. Lokho kwaphosela usendo lonke lwabantu ekufeni.

⁹⁵ Khona-ke kwasekusiza lowo omunye uAdamu, owayenguKhristu, ngitsho loyedwa onjeNgaye! Omunye umuntu uthi Wayengasuye uNkulunkulu? Ukwahluka Kwakhe kwafakaza ukuthi WayenguNkulunkulu. Kwakungela sidalwa esaphila njeNgaye. Wayephila emhlabeni wobuSibisakhe. Esaphila ngaphandle kwesigaba semvelo, somuntu oyisoni. Haleluya! WayenguMdali Sibisakhe enziwe inyama.

Ngubani owayengama lapho Ayeme khona? Ngubani owake wakhuluma njeNgaye? Ngubani owayengatsho

izinto Azitshoyo? Ngubani owayengenza izinto Azenzayo? Ukwahluka Kwakhe kwafakaza ukuthi WayenguNkulunkulu. Kwakungelamprofethi kumbe olunye ulutho olwalungenza lokho Akwenzayo; Owayengabiza abafileyo baphume engcwabeni, futhi Owayengamisa izibhakabhaka, futhi enze loba yini Ayefuna ukuYenza. Waye nguNkulunkulu. Ngubani owayengama endaweni Yakhe? Ngubani? Wayengaba yini kodwa lowo opheleleyo, uNkulunkulu ongafiyo, wenziwa waba yinyama futhi wahlala phakathi kwethu!

⁹⁶ Akulalutho olwake lwaqathaniswa Laye. Wayephila emhlabeni wobuSibisakhe. Akulamuntu owake wakhuluma njeNgaye. Lapho Evula umlomo Wakhe nje, kwakulenze into ngakho, eyayhlukile kuloba ngubani. Omunye umuntu wathi Yena wayengu muntukazana nje; Ngiyakweyisa lokho. WayenguNkulunkulu. Yikho lokhu Ayeyikho. Ngoba, akulamuntu owake wakhuluma njeNgaye, akulamuntu owayengakhuluma Njengaye, ngoba WayeyiLizwi eliphilayo Sibisalo lenziwe laba yinyama, ukubonakaliswa kokugcwala kukaNkulunkulu.

